

# NALIBALI

## Travel with stories

Books don't just have words and pictures in them. They are filled with adventure – new places to go and new people to meet! One way you and your children can travel to new places every day, is through reading stories together. Some of the places you'll travel to may be imaginary, while others may be real. Either way, your children will learn lots without even realising it!

## Thatha uhambo nezindaba

Izincwadi azinamagama nezithombe nje kuphela kuzo. Zigcwele nezinkambo – izindawo ezintsha ongaya kuzo kanye nabantu abasha ohlangana nabo! Enye indlela wena nezingane zakho eningaya ngayo ezindaweni nsuku zonke, ngokufunda izindaba ngokuhlanganyela. Izindawo ezithile eningaya kuzo kungase kube ngezicatshangiwe nje, ekubeni ezinye kube ngezangempela. Kunoma iyiphi indlela, izingane zakho zizofunda okuningi zinganakile nje!

### BENEFITS OF READING STORIES ABOUT NEW PLACES

1. Some stories about new places may have words from other languages in them, so you could learn how to say things in another language.
2. Stories can show us how people from different places are similar and different to us at the same time! No matter how different our daily lives are, we are all the same in some ways. We all need to be loved and to love, and we all need a safe place to live and enough food to eat.
3. Some stories introduce you to new things you might want to try! Reading about new foods or games may encourage you to try them. Or, reading a story set in a place different to where you live, may make you want to travel there one day!
4. Stories about nature help us see how all living things work together to keep our planet alive. They take us to places we sometimes forget about as we lead our busy lives.

### IZINZUZO ZOKUFUNDA IZINDABA NGEZINDAWO EZINTSHA

1. Ezinye izindaba ezimayelana nezindawo ezintsha zingase zibe namagama aphuma kwezinye izilimi, ngakho ningafunda ukusho izinto ngolunye ulimi.
2. Izindaba zingasikhombisa ukuthi abantu abaphuma ezindaweni ezahlukene behluke futhi bafana kanjani nathi ngasikhathi sinye! Noma ngabe yehluke kanjani impilo yethu yansuku zonke, siyefana sonke ngandlela thizeni. Sonke sidinga ukuthandwa kanye nokuthanda, futhi sonke sidinga indawo ephaphile yokuhlala kanye nokudla okwanele esizokudla.
3. Ezinye izindaba zikwethula ezintweni ezintsha ongefuna ukuzizama! Ukufunda ngokudla okusha noma imidlalo emisha kungase kukukhuthaze ukuthi ukuzame lokhu. Noma-ke, ukufunda indaba enesizinda esehlukile kuleso ohlala kuso, kungakwenza ufune ukuya khona ngelinye ilanga!
4. Izindaba ezimayelana nemvelo zisisiza ukuba sibone ukuthi zonke izilwane eziphilayo zisebenza kanjani ndawonye ukugcina umhlaba wethu uphila. Zisithatha zisiyise ezindaweni kwesinye isikhathi esizilbalayo ngenkathi siphila impilo yethu ematasatasa.




Are you looking for stories to share with your children? We've got lots of free stories in different South African languages! Visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org).

Ngabe ufuna izindaba ongabelana ngazo nezingane zakho? Sinezindaba eziningi zamahhala ezingezilimi ezahlukene zaseNingizimu Afrika! Vakashela ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org).

## Stories that take you places

Some of the kinds of stories that let your mind travel, are:

- ★ stories set in parts of South Africa that you have never visited
- ★ stories written by authors from other African countries
- ★ stories set long ago when the world around us was very different to how it is today
- ★ fantasy stories set in magical places.



 Drive your imagination

## Izindaba ezikuthatha zikuyise ezindaweni

Ezinye zezinhlobo zezindaba ezenza ingqondo yakho igadule, yilezi:

- ★ izindaba ezinesizinda ezingxenyeni zaseNingizimu Afrika ongakaze uzivakashele
- ★ izindaba ezibhalwe ngababhali bamanye amazwe ase-Afrika
- ★ izindaba ezenzeka kudala ngesikhathi umhlaba osizungezile wawehluka kakhulu kunalokhu oyikho namuhla
- ★ izindaba ezicatshangiwe nje ezenzeka ezindaweni zemilingo.

 IT STARTS WITH A STORY.  
KUQALA NGENDABA EXOXWAYO.

## Get creative!

Have you ever used puppets to tell a story? Using puppets is a great way to get children involved in retelling stories that they know, and can also help them make up their own stories! And there are other benefits for children too.

Here are some of the benefits of using puppets for storytelling as well as ideas for easy ways to make puppets with children.

### 5 benefits of using puppets

When you and your children use puppets to tell stories, it:

- ✓ stimulates their imagination and encourages them to be creative
- ✓ helps increase their confidence to speak to others
- ✓ develops their language and vocabulary
- ✓ gives them practice at working with stories, which helps them when they read and write stories
- ✓ helps them learn how to work together with others.



## Veza ubuciko bakho!



Uke wabasebenzisa opopayi ukuxoxa indaba? Ukusebenzisa opopayi yindlela enhle kakhulu yokwenza izingane zizibandakanye ekuphindeneni zixoxe izindaba ezizaziyo, futhi kungazisiza ukuzenzela ezazo izindaba! Kanti kukhona nezinye izinzuzo nasezinganeni.

Nazi ezinye izinzuzo zokusebenzisa opopayi ekuxoxeni izindaba kanye namacebo ngezindlela ezilula zokwenza opopayi nezingane.

### Izinzuzo ezi-5 zokusebenzisa opopayi

Ngesikhathi wena nezingane zakho nisebenzisa opopayi ukuxoxa izindaba, lokhu:

- ✓ kufaka intshisekelo ekuboneni kwazo ngeso lengqondo futhi kuzikhuthaze ukuthi zisungule izinto
- ✓ kusiza ukukhulisa ukuzethemba kwazo ukukhuluma nabanye
- ✓ kuthuthukisa ulimi kanye nolwazimagama lwazo
- ✓ kuzinikeza isikhathi sokuziqeqesha ekusebenzeni ngezindaba, nokuzisiza ngesikhathi zifunda nalapho zibhala izindaba
- ✓ kuzisiza ukuthi zifunde izindlela zokusebenza ndawonye nezinye.

### How to make a sock puppet Indlela yokwenza upopayi wesokisi

#### What you need

- ☞ an old sock
- ☞ koki pens
- ☞ buttons or cardboard
- ☞ a needle and thread (optional)
- ☞ glue
- ☞ wool

#### Okudingayo

- ☞ isokisi elidala
- ☞ amapeni ekhokhi
- ☞ izinkinobho noma ikhadibhodi
- ☞ inayithi kanye nokotini (aziphoqelekile)
- ☞ isinamathelisi
- ☞ iwuli

#### What to do

##### Okumele ukwenze

1.



1. Find a clean sock and put your hand inside it. Use a koki to draw two dots where the eyes will go and one where the nose will go.
1. Thola isokisi elihlanzekile bese ufaka isandla sakho phakathi kulo. Sebenzisa ikhokhi ukudweba amachashazi amabili lapho amehlo ezokuba khona nelilodwa lapho ikhala lizokuba khona.

2.



2. Glue or sew some buttons onto the sock where you made the marks for the eyes and nose. If you don't have buttons, cut out some small round shapes from cardboard and colour them in.

3.



2. Namathisela noma uthungele izinkinobho ezithile esokisini lapho obubekise khona amehlo kanye nekhala. Uma ungenazo izinkinobho, sika izimo ezincane eziyizindilinga ususela ekhadibhodini bese uzifaka umbala.
3. Draw on some eyebrows with a koki or glue on some wool or thin strips of paper. Put glue on some wool - this will be your puppet's hair.
3. Dweba amashiya ngekhekhi noma unamathisele enye iwuli okukanye imicu emincane yephepha. Faka isinamathelisi ewulini ethile - lokhu kuzoba yizinwele zikapopayi wakho.

4.



4. Put your hand inside the puppet as you glue on the hair. Enjoy using your puppet!
4. Faka isandla sakho ngaphakathi kukapopayi ngesikhathi unamathisele izinwele. Thokozela ukusebenzisa upopayi wakho!

### How to make a paper bag puppet Indlela yokwenza upopayi wesikhwama sephepha

#### What you need

- ☞ a paper bag
- ☞ koki pens
- ☞ crayons/pencil crayons
- ☞ paper
- ☞ glue
- ☞ cotton wool/wool/string
- ☞ fabric scraps (optional)
- ☞ beads (optional)
- ☞ feathers (optional)

#### Okudingayo

- ☞ isikhwama sephepha
- ☞ amapeni ekhokhi
- ☞ amakhrayoni/amakhrayoni angamapensela
- ☞ iphepha
- ☞ isinamathelisi
- ☞ ikhothiniwuli/iwuli/intambo
- ☞ izidwedwe zendwangu (aziphoqelekile)
- ☞ ubuhlalu (abuphoqelekile)
- ☞ izimpaphe (aziphoqelekile)

#### What to do

##### Okumele ukwenze

1.



1. Lay the paper bag on a table with the flap facing up.

2.



1. Yendlala isikhwama sephepha etafuleni kuthi indawo epheqekayo ibheke phezulu.
2. Start by creating the mouth. Draw or paste the upper lip on the flap. Draw or paste the lower lip on the main part of the bag, where it meets the flap.
2. Qala ngokwenza umlomo. Dweba noma unamathisele udebe lwangenhla lapho isikhwama siphequleka khona. Dweba noma unamathisele udebe lwangezansi engxenyeni enkulu yesikhwanyana, lapho sihlalana nendawana epheqekayo.



Drive your imagination

3.



3. Draw the eyes, eyebrows and nose on the flap. Or draw them on scrap paper, cut them out and paste them onto the flap.

3. Dweba amehlo, amashiya kanye nekhala endaweni epheqekayo. Noma ukudwebe ephepheni elingasebenzi, ukusike ukukhiphe bese ulinamathisela endaweni epheqekayo.

4.



4. Open the flap. Draw a tongue on some paper and then glue it onto the mouth, in the part that is under the flap.

4. Vula indawo epheqekayo. Dweba ulimi ephepheni elithile bese ulinamathisela emlonyeni, engxenyeni engaphansi kwaleyo epheqekayo.

5.



5. Draw the puppet's body on the main part of the bag. For people, draw the outline of their clothes and colour them in. For animals, outline the patterns on their bodies and then colour them in. You could also glue bits of coloured paper, beads, feathers or fabric scraps to the bag to make the body of your puppet.

5. Dweba umzimba wopayyi engxenyeni enkulu yesikhwama. Ukukhombisa okungabantu, dweba umfanekiso wezimpahla zabo zokugqoka bese ufaka imibala. Ezilwaneni, faka amaphethini emizimbeni yazo bese uwafaka imibala. Ungaphinda unamathisele iziqephu ezithile zephepha elinombala, ubuhlalu, izimpaphe noma izidwedwe zendwangu esikhwameni ukuze wenze umzimba wopayyi wakho.

6.



6. Finish off your puppet by gluing wool, cotton wool or string to the bag to make hair, a moustache and/or a beard.

6. Qedela upayyi wakho ngokunamathisela iwuli, ikhothiniwuli noma intambo esikhwameni ukwenza izinwele, amadevu kanye/noma intshebe.

Photos/Izithombe: Chèlan Naicker

## Collect the Nal'ibali characters

Cut out and keep all your favourite Nal'ibali characters and then use them to create your own pictures, posters, stories or anything else you can think of!

### About Noodle

**Age:** 3 years old

**Lives with:** Bella and her mom

**Favourite snack:** dog biscuits

**Favourite drink:** water

**Favourite places to visit:** anywhere he can run around and dig holes

**Books he likes:** stories with animal noises, especially those with barking dogs



## Qoqa abalingiswa bakwaNal'ibali

Sika ukhiphe bese ugcina bonke abalingiswa obakhonzile bakwaNal'ibali bese ubasebenzisa ukuzakhela izithombe, amaphosta, izindaba noma yini-ke okunye ongakucabanga okungokwakho!

### Mayelana noNoodle

**Iminyaka yobudala:** 3

**Uhlala no-:** Bella kanye nonina

**Isinekhi asithandayo:** amabhisikidi ezinja

**Isiphuzo asikhonzile:** amanzi

**Izindawo akhonze ukuzivakashela:** noma yikuphi lapho azokwazi khona ukugijima ezungeza futhi agubhe nemigodiwe

**Izincwadi azithandayo:** izindaba ezinemisindo yezilwane, ikakhulukazi lezo ezinezinja ezikhonkothayo

### Here's an idea ...

- ✂ Cut out and colour in the picture of Noodle and paste it on a large sheet of paper. Then do one or more of the following things.
- 🌀 Draw a thought bubble and then draw a picture inside it to show what Noodle is thinking about. (Clue: Use the information about his favourite things to help you!)
- 🌀 Draw a picture of Bella sitting next to Noodle and reading him a story.
- ✂ Keep the picture in a safe place and when you have collected all the Nal'ibali characters, use them to create your own Nal'ibali poster!

### Nawu umbono ...

- ✂ Sika ukhiphe bese ufaka umbala isithombe sikaNoodle bese usinamathisela esiqeshini esikhulu sephepha. Emva kwalokho yenza okukodwa noma ngaphezulu kwalezi zinto ezilandelayo.
- 🌀 Dweba ibhamuza lomcabango bese udweba isithombe ngaphakathi kwalo ukukhombisa ukuthi uNoodle ucabangani. (Icebiso: Sebenzisa ulwazi olumayelana nezinto azithandayo ukukusiza!)
- 🌀 Dweba isithombe sikaBella ehlezi eduze kukaNoodle emfundela indaba.
- ✂ Gcina isithombe endaweni ephephile, kuthi uma usubaqoqe bonke abalingiswa bakaNal'ibali, ubasebenzise ukuzakhela iphosta yakho yakwaNal'ibali!

# WIN! WINA!



For a chance to win some Book Dash books, write a review of the story, *Mali's friend* (pages 7 to 10), and email it to [team@bookdash.org](mailto:team@bookdash.org), or take a photo and tweet us at [@bookdash](https://twitter.com/bookdash). Remember to include your full name, age and contact details.

Ukuthola ithuba lokuwina ezinye izincwadi zakwa-Book Dash, bhala iqoqa elihlaziya indaba ethi, *Umngani kaMali* (amakhasi 7 kuya kwele-10), bese ulithumela nge-imeyili ku-[team@bookdash.org](mailto:team@bookdash.org), noma uthwebule isithombe bese uxhumana nathi ngothwitha ku-[@bookdash](https://twitter.com/bookdash). Khumbula ukufaka igama lakho eligcwele, iminyaka yobudala kanye neminingwane yokuxhumana.

Here are some of the reviews that our readers have sent us of stories that have appeared in past *Nal'ibali* Supplements. What have been your favourite stories? Write to us and let us know!

**Nayi eminye imibhalo ehlaziyayo abafundi bethu abasithumelele yona ngezindaba ezivelile kuZithasiselo zikaNal'ibali ezedlulile. Yiziphi izindaba ozithande kakhulu? Sibhalele ukuze usazise!**

### Dear Nal'ibali

I have a four-year-old boy and a two-year-old girl. We always read the stories in the *Nal'ibali* Supplement.

The story, *Auntie Boi's gift* (Edition 155), is a phenomenal story about a girl going to town for the first time. It takes us on the journey of a girl and all her exciting experiences. It teaches the child about safety in a car by using the seatbelt and about what one finds in town. It shows a post office and the present for Kopano and Rea is two beautiful dolls dressed in African attire. Yeah!!! Well done.

Justin Brown



Dear Nal'ibali ...  
Nal'ibali othandekayo ...

WRITE TO US!  
SIBHALELE!

The Nal'ibali Supplement  
The Nal'ibali Trust  
Suite 17-201, Building 17  
Waverley Business Park  
Wyecroft Road  
Mowbray  
7700

info@nalibali.org



### Nal'ibali othandekayo

Nginomfana oneminyaka emine kanye nentombazane eneminyaka emibili ubudala. Sihlala sifunda izindaba kuSithasiselo sikaNal'ibali.

Indaba ethi, *Isipho sika-Anti uBoi* (Ushicilelo 155), yindaba ehlwabusayo mayelana nentombazane eya edolobheni okokuqala. Isiyisa ohambeni lwentombazane kanye nasezintweni ezithokozisayo ehlangabezana nazo. Ifundisa ingane ngokuphepha emotweni ngokusebenzisa ibhande kanye nangalokho okuthola edolobheni. Ikhombisa isakhiwo seposi kanye nesipho sikaKopano kanye noRea okungonodoli abahle ababili abagqoke ezase-Afrika. Halala!!! Nisebenzile.

NguJustin Brown



### Dear Nal'ibali

Hope this email finds you in good health. Here is our reading club's review of the story, *Little Goat* (Edition 154).

- ★ **Who is the story about?** Little Goat and Mother Goat
- ★ **What words would you use to describe the main character?** White with brown patches, careless, naughty, small ears and closed eyes, loves grass, determined and brave
- ★ **What was the scariest, saddest, funniest or most interesting part of the story?** Saddest: Mother Goat worried that Little Goat was gone.
- ★ **Why do you think the author chose the title for this story?** The story is about a little goat, grass and goats eating grass.
- ★ **Would you like to be a character from the story? Why or why not?** Yes, we also want to be as determined and brave as the little goat. No, we don't want to be a goat.
- ★ **Would you recommend this story to a friend? Why or why not?** Yes, it's a cool and funny story, you can read the story in both languages, and it teaches you about safety and not to go far from your mom.

Love4Reading, Uviwe Reading Club

### Nal'ibali othandekayo

Ngethemba ukuthi le imeyili izonithola niphile kahle. Naku ukuhluzza kwethimba lethu lokufunda indaba ethi, *UMBuzanyana* (Ushicilelo 154).



- ★ **Imayelana nobani indaba?** UMBuzanyana kanye noMama uMbuzi
- ★ **Yimaphi amazwi ongawasebenzisa ukuchaza umlingiswa osemqoka?** Umhlophe unamachashazi ansundu, unobudedengu, uyedelela, amadlebe amancane namehlo avaluwe, uyabuthanda utshani, uyazimisela futhi unesibindi
- ★ **Iyiphi ingxenye enokwesabisa kakhulu, edangalisa kakhulu, ehlekisa kakhulu noma ethakaseleka kakhulu endabeni?** Edangalisa kakhulu: Mama Mbuzi ukhathazekile ukuthi uMBuzanyana unyamalele.
- ★ **Ucabanga ukuthi kungani umbhali ekhethe isihloko sale ndaba?** Indaba imayelana nembuzanyana, notshani nangezimbuzi zidla utshani.
- ★ **Ungathanda ukuba wumlingiswa othathwe endabeni? Kungani uthanda noma ungathandi?** Yebo, sifuna futhi ukuzimisela nokuba nesibindi njengembuzana. Cha, asifuni ukuba yimbuzi.
- ★ **Ungayincoma le ndaba ukuthi ifundwe wumngani? Kungani noma kungani ungeke?** Yebo, yindaba emnandi futhi ehlekisayo, ungakwazi ukufunda indaba ngazo zombili izilimi, futhi ikufundisa ngokuphepha kanye nokuhamba uye kude nomama.

Love4Reading, i-Uviwe Reading Club



### Create TWO cut-out-and-keep books


1. Take out pages 5 to 12 of this supplement.
2. The sheet with pages 5, 6, 11 and 12 on it makes up one book. The sheet with pages 7, 8, 9 and 10 on it makes up the other book.
3. Use each of the sheets to make a book. Follow the instructions below to make each book.
  - a) Fold the sheet in half along the black dotted line.
  - b) Fold it in half again along the green dotted line.
  - c) Cut along the red dotted lines.



### Zenzele ezakho izincwadi EZIMBILI ozozisika uzikhiphe bese uzigcina

1. Khipha ikhasi lesi-5 ukuya kwele-12 alesi sithasiselo.
2. Iphepha elinamakhasi 5, 6, 11 kanye nele-12 lenza incwadi eyodwa. Iphepha elinamakhasi 7, 8, 9 kanye nele-10 lenza enye incwadi.
3. Sebenzisa iphepha ngalinye ukuze wenze incwadi. Landela imiyalelo engezansi ukuze wenze incwadi ngayinye.
  - a) Songa iphepha libe nguhhafu ngokulandela umugqa wamachashazi amnyama.
  - b) Lisonge libe nguhhafu futhi ulandele umugqa wamachashazi aluhlaza okotshani.
  - c) Sika ulandele umugqa wamachashazi abomvu.





Plants help me to breathe.  
Izithalo zingisiza ukuthi  
ngiphethumele.

Uma ngishisa isihlahla, ngizishisa mina.



When I burn the tree, I burn myself.



This is an adapted version of *I am earth*, published by New Africa Books and available in bookstores and online from [www.newafricanbooks.com](http://www.newafricanbooks.com), [www.loot.co.za](http://www.loot.co.za) and [www.takealot.com](http://www.takealot.com). This story is available in the eleven official South African languages and is part of the New African Stories series – a series of beautifully illustrated children's stories collected from across Africa.

Lena yindaba eguquliwe ethi *Ngingumhlaba*, eshicilelwe ngabakwaNew Africa Books futhi etholakala ezitolo zezincwadi nakuzizindalwazi ku-[www.newafricanbooks.com](http://www.newafricanbooks.com), ku-[www.loot.co.za](http://www.loot.co.za) naku-[www.takealot.com](http://www.takealot.com). Le ndaba itholakala ngezilimi eziyishumi nanye ezisemthethweni zaseNingizimu Afrika kanti iyingxenye yochungechunge okuthiwa Izindaba Ezintsha Zase-Afrika – okuwuchungechunge lwezindaba zezingane ezinemidwebo emihle eziqoqwe e-Afrika yonkana.

**dp davidphilip**  
Trading as **New Africa Books**

Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark and embed a culture of reading across South Africa. For more information, visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) or [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



UNal'ibali umkhankaso kazwelonke wokufundela ukuzithokozisa wokokhela inhlansi nokuzinzisa isiko lokufunda eNingizimu Afrika yonkana. Ukuze uthole eminye iminingwane, vakashela ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) noma ku-[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)




Drive your  
imagination

# I am earth Ngingumhlaba

*Thembinkosi Kohli  
Busisiwe Pakade*





Izinambuzane zisiza umhlaba ukuthi uphefumule.



Ngiyisihlahla.

I am the tree.

Insects help the earth to breathe.

I sleep under a tree.

Ngilala ngaphansi kwesihlahla.



I see a bird.

Ngibona inyoni.



We are the earth!

Singumhlaba!





Once again, Mali tries. But he does not enjoy himself. Uyaphinda futhi, uyazama uMali. Kodwa akakutthokozeli nalokhu.


“Mali, go out and play *maphonselana* with the others.”  
“Mali, phuma uyodlala *umaphonselana* nabanye.”

Gogo tries one more time, UGogo ubuye azame okunye futhi,



# Mali's friend Umngani kaMali

Rujeko Moyo  
Ellen Heydenrych  
RJ Palmer



Lots more free books at [bookdash.org](http://bookdash.org)



Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark and embed a culture of reading across South Africa. For more information, visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) or [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



UNal'ibali umkhankaso kazwelonke wokufundela ukuzithokozisa wokokhela inhlansi nokuzinzisa isiko lokufunda eNingizimu Afrika yonkana. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) noma ku-[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)





They make mud pies and cakes, and even pancakes and biscuits. Mali enjoys himself very much. Benza ophaya namakhekhe ngodaka, ngisho namakhekhe epani kanye namabhisikidi. UMali uyakuthokozela kakhulu lokhu.



There is a knock on the door. *Ko!Ko!Ko!* It's Lesedi from next door! She has come to play. Mali is shy. He does not know how to play with Lesedi. She asks him if he would like to make mud pies and cakes. Kukhona ongqongozayo emnyango. *Ngqo!Ngqo!Ngqo!* NguLesedi wakwamakhekhe! Uze ukuzodlala. UMali unamahloni. Akazi ukuthi uzodlala kanyani noLesedi. ULesedi uyambuza ukuthi angakuthanda yini ukwenza ophaya namakhekhe ngodaka.

Mali enjoys playing by himself. He likes to be a pilot, swooshing around the house with his paper plane. *Swoosh! Swoosh! Swoosh!*

UMali uyakuthokozela ukuzidlalela yedwa. Uyakuthanda ukuba wumshayeli wezindiza, ugijima yonke indlu nebhanoyi lakhe lephepha. *Shwi-i-i! Shwi-i-i! Shwi-i-i!*



"I am going out to play with Lesedi!"

"Ngisayodlala noLesedi!"

he laughs.

ehleka.



Ngosuku olilandelayo, uLesedi uyabuya futhi. Ukhombisa uMali ukuthi zidlalwa kanjani *izingendo*. UMali unenkinga ngokuphonsa, ukunyakazisa kanye nokunqaka amatshhe. Kodwa uya ngokuba ngcono emdlalweni. Uyakuthokozela kakhulu impela.



The next day, Lesedi comes back again. She shows Mali how to play *ingendo*. Mali has trouble throwing, moving and catching the stones. But he gets better at the game. He enjoys himself very much.



UMali uyazama futhi. Kodwa akakuthokozeli lokhu.

Mali tries again. But he does not enjoy himself.

“Mali, look, the children are playing *ibhathi*. Go out and play.”  
 “Mali, buka, izingane zidlala *ibhathi*. Phuma phandle uyodlala.”

Gogo says,  
 UGogo uthi,

The next morning, after gobbling down his porridge, Mali takes out his wire car.


Ngakusasa ekuseni, ngemuva kokudla idokwe lakhe, uMali ukhipha imoto yakhe yocingo.



Then a taxi driver, hooting around the yard with his wire car. *Beep! Beep! Beeeeeeeeeep!* Mali never goes out to play with others.

Emva kwalokho usephenduke umshayeli wetekisi, eshaya ihutha egcekeni ngemoto yakhe yocingo. *Popo! Popopo! Popopopo!*

UMali akalokothi neze aphume ayodlala nabanye.



“Where are you going, Mali?”  
 “Uyaphi, we Mali?”

asks Gogo.  
 kubuza uGogo.





Kodwa uMali akakuthokozeli lokhu.  
But Mali does not enjoy himself.


“Mali, go out and play *ibhola* with the others.”  
“Mali, phuma phandle uyodlala *ibhola* nabanye.”

Gogo says,  
Ugogo uthi,



Mali then shows Lesedi how to make a paper plane. They go all around the house swooshing their planes. Oh! They laugh a lot!  
UMali wabe esekhombisa uLesedi ukuthi lenziwa kanjani *ibhanoyi* lephapha. Bahamba bezungeza yonke indlu bendizisa izindiza zabo. Hai Bahleka kakhulu!

Mali asks Lesedi,  
UMali ucela uLesedi,



“Can I come to your house to play tomorrow?”  
“Ngingeza ekhaya kini ngizodlala kusasa?”

“Of course you can!”  
“Nakanjani ungeza!”

she laughs.  
ehleka.




Izivmvane zisiza izitshalo ukuthi zikhule.



Butterflies help plants to grow.


I am the earth.



Ngingumhlaba.


Ngiyilanga.

I am the sun.



The bird tells me a story.

Inyoni ingixoxela indaba.





Ibhola elikhulu  
elisesibhakabhakeni.  
A big ball in the sky.

The earth is a big ball.




Don't dirty the air and the earth.

Ungangcolisi umoya kanye nomhlaba.



Umhlaba uyibhola elikhulu.



## Get story active!

Here are some activities for you to try. They are based on all the stories in this edition of the Na'ibali Supplement: *I am earth* (pages 5, 6, 11 and 12), *Mali's friend* (pages 7 to 10) and *Timi and the barber* (page 14).



## Yenza indaba ihlabe umxhwele!

Nayi eminye imisebenzi ongayizama. Isuselwa kuzo zonke izindaba ezikulolu shicilelo lweSithasiselo sikaNa'ibali: *Ngingumhlaba* (amakhasi 5, 6, 11 nele-12), *Umngani kaMali* (amakhasi 7 kuya kwele-10) kanye nethi, *UTimi kanye nomgundi wezinwele* (ikhasi le-15).

### I am earth

In this book, the boy shares with us the different ways in which we are all connected to the planet we live on.

- 🕒 Think about the things you do that protect the earth. Are there other small things that you could do?
- 🕒 Then write: **I am earth** on a large sheet of paper and add some of your ideas about how we are all connected to the earth using drawings and/or words.

### Ngingumhlaba

Kule ncwadi, umfana wabelana nathi ngezindlela sonke esixhumene ngazo nomhlaba esiphila kuwo.

- 🕒 Cabanga ngezinto ozenzayo ezivikela umhlaba. Ngabe zikhona ezinye izinto ezincane obungazenza?
- 🕒 Manje bhala: **Ngingumhlaba** ekhasini elikhulu lephepha bese wengeza eminye yemibono yakho ngokuthi sonke sixhumene kanjani nomhlaba usebenzisa imidwebo kanye/noma namazwi.

### Mali's friend


- Which of the games in this story do you and your friends play? What other games do you enjoy playing together? On the notepad alongside, write a list of your favourite games to play with friends. (Remember to give your list a heading!)
- Compare your list of games with a friend's list. How are your lists the same and different?
- Why do you think Mali enjoyed playing with Lesedi more than he did playing with the other children? What advice can you give Mali about making friends?

### Umngani kaMali

- Yimiphi imidlalo kwesendabeni wena kanye nabangani bakho eniyidlalayo? Yimiphi eminye imidlalo enithokozela ukuyidlala ndawonye? Ebhukwaneni lokubhala amanothi elisecaleni, bhala uhlu lwemidlalo yakho othandayo ukuyidlala nabangani. (Khumbula ukunikeza uhlu lwakho isihloko!)
- Qhathanisa uhlu lwakho lwemidlalo nohlu lomngani. Ngabe izinhlu zenu zifana futhi zehluka kanjani?
- Ucabanga ukuthi uMali ukuthokozele kanjani ukudlala noLesedi ngaphezu kokudlala nezinye izingane? Yisiphi iseluleko ongasinika uMali mayelana nokuthola abangani?

### Timi and the barber

Timi has hair that grows very quickly! Divide a sheet of paper into eight blocks and write "Today" in the first block. Then write a day of the week in each of the other blocks, starting with "Sunday". In the first block draw a picture of Timi to show what his hair looks like just after he has been to the barber. In each of the other blocks draw a picture of him to show how much his hair grows each day!



### UTimi kanye nomgundi wezinwele

UTimi unezinwele ezikhula ngokushesha okukhulu! Yehlukanisa isiqephu sephepha sibe ngamabhulokhi ayisishiyagalombili bese ubhala ukuthi "Namuhla" ebhulokhini lokuqala. Emva kwalokho ubhale usuku lwesonto ebhulokhini ngalinye kulawa amanye, uqale ngokuthi "ISonto". Ebhulokhini lokuqala dweba isithombe sikaTimi ukukhombisa indlela izinwele zakhe ezibukeka ngayo ngemuva nje kokuthi kade eye kumgundi. Ebhulokhini ngalinye kulawa amanye, dweba isithombe sakho ukukhombisa ukuthi izinwele zakhe zikhula kanjani usuku ngalunye!



## Timi and the barber



By Nddi Chiazor-Enemor ■ Illustrations by Natalie and Tamsin Hinrichsen

Timi and his mother lived in Mozala Town. There was something very unusual about Timi – his hair! It grew very quickly. It grew so quickly that every Saturday, Timi’s mother had to take him to the barber to have his hair cut. And if there was one thing that Timi really didn’t like, it was having his hair cut! Haircut time was worry time for Mom because Timi would cry.

“I don’t want to have my hair cut!” he always said.

Mom would cuddle him before they set off to the barbershop, but as soon as they arrived, Timi would burst into tears.

Then Mom would have to do all sorts of things to try to get Timi to sit still while he was having his hair cut. Sometimes she would give him some biscuits. Timi loved biscuits, but he would gobble them down and start crying again. Sometimes Mom would break into a dance. She would dance to the left. She would dance to the right. She would shake her body, but Timi just cried and cried.

As soon as Jango, the barber, got ready to cut Timi’s hair, Timi got ready to cry even more! First, he would sniffle, then he would sob, and then he would let out a loud cry, “*Hiyaa, hiyaa, hiyaa!*”

“It’s only a haircut, Timi. It’s not painful,” Jango would say, trying to calm Timi down, but that made Timi cry even louder.

Sometimes Jango would sing to comfort Timi, but still Timi kept crying.

One day, Timi cried so loudly that some passers-by peeped into the barbershop to see what would make a boy cry so loudly!

“Oh, my goodness! It is only a young boy having his hair cut,” they said.

Timi did not care that people came to stare at him. He cried and cried until Jango had finished cutting his hair.

Another day, he wailed so loudly that Grandma Binite came limping in with her walking stick. She lived next door to the barbershop, but had been woken up from her afternoon nap by Timi’s loud wails.

“Oh, my word!” Grandma Binite said. “I thought something terrible was going on!” Then she limped back to her house to get Timi a piece of tasty grilled fish she had made. “I’m sure this will make him stop crying,” she thought. But when she gave Timi the fish, he popped it into his mouth, chewed and swallowed ... and then went on crying!



After Timi had left with his mother that day, Jango sat down with a cup of tea and thought and thought. Surely there had to be a way to stop Timi from crying while his hair was being cut! And that’s when Jango had his good idea! “That’s it! I’ve solved it,” he shouted excitedly.

On Timi’s next visit, as soon as Jango took out his scissors, he began to tell Timi a story.

“Once there was a young boy who did not like to get his hair cut, so he let it grow and grow,” said Jango. “It grew until his head was full of knotty strands of hair. Soon the knotty strands became twisted together.”

“What happened next?” asked Timi, who had stopped crying.

“Flies and other insects decided to make their homes in his hair,” continued Jango.

“So, what happened to him?” asked Timi, looking worried.

“The young boy began to pull at his hair and to scratch because the insects that were crawling around on his head made it very, very itchy. He pulled and scratched, and pulled and scratched all day long. Soon, his head and his hands began to hurt from all the pulling and scratching,” said Jango.

“Oh, how awful! What happened next?” asked Timi, feeling sorry for the boy.

“His head and hands became swollen,” continued Jango. “One day, his mom brought him to my shop. As soon as they got here, he hopped on the chair to have his haircut. He sat still so that I could give him the best haircut ever.”

“Really?” asked Timi.

“Oh, yes!” said Jango. “And when I had finished cutting the boy’s hair – just as I have done yours now – the boy gave me a very big hug.”

Timi looked at his head. His haircut was finished! He had been enjoying the story so much that he hadn’t noticed Jango cutting his hair. He jumped out of the chair and gave Jango a big hug.

And do you know what? Timi never cried again at the barbershop because Jango had a new story to tell him at every visit! And Timi’s mom was very happy because Jango’s stories meant an end to her weekly haircut worries.





# UTimi kanye nomgundi wezinwele



Ikhona  
lezindaba

NguNdidi Chiazor-Enemor Imidwebo nguNatalie noTamsin Hinrichsen

UTimi nonina babehlala eDolobheni iMozala. Kwakukhona okuthile okwakungajwayelekile ngoTimi – izinwele zakhe! Zazikhula ngokushesha okukhulu. Zazikhula kakhulu ngangokuthi njalo ngoMgqibelo, umama kaTimi wayemthatha amuse kumgundi wezinwele ukuze agunde izinwele zakhe. Kanti kwakukhona into eyodwa uTimi ayengayithandi ngempela, lokho kwakungukugundwa izinwele zakhe! Isikhathi sokugunda izinwele kwakuyisikhathi sokukhathazeka kuMama ngoba uTimi wayevele akhale.

“Angifuni mina ukugundwa izinwele zami!” wayehlale esho njalo.

UMama wayemsingatha ngaphambi kokuthi bahambe baye endaweni yomgundi wezinwele, kodwa kwakuthi nje bangafika, uTimi avele aqhumuke akhale izinyembezi.

Emva kwalokho uMama usezokwenza zonke izinto ukuzama ukwenza ukuthi uTimi ahlale athule ngesikhathi egundwa izinwele zakhe. Ngesinye isikhathi wayemnika

amabhisikidi. UTimi wayezifela ngamabhisikidi, kodwa wayewagwinya bese eqala phansi ngokukhala. Ngesinye isikhathi uMama wayevele adanse. Wayedansa aye ngakwesokunxele. Adanse aye ngakwesokudla. Wayenyukunya umzimba wakhe, kodwa uTimi wayevele akhale angayeki.

Ngesikhathi nje uJango, umgundi wezinwele, elungela ukugunda izinwele zikaTimi, uTimi yena wayelungela ukukhala nakakhulu! Okokuqala, wayehubula amafinyela, emva kwalokho akhalele phansi, bese emva kwalokho aqhumuke asikhihle kuzwakale, *“Hihhi, hihhi, hihhi!”*

“Wukugunda nje kuphela, Timi. Akubhulungu,” kusho uJango, ezama ukuthulisa uTimi, kodwa lokho kwakumenza uTimi ukuthi akhale kakhudlwana.

Ngesinye isikhathi uJango wayecula ukuze aduduze uTimi, kodwa uTimi aqhubeka nokukhala.

Ngolunye usuku, uTimi wakhala kakhulu ngendlela yokuthi ababedlula ngendlela baze balunguza endlini yokugundela ukuze babone ukuthi yini lena eyayingenza umfana ukuthi akhale kakhulu kangaka!

“Awu, nkosi yami! Wumfana omncane nje ogundwa izinwele,” kusho bona.

UTimi wayengenandaba ukuthi abantu babeza bezomgqolozela. Wakhala, wakhala uJango waze waziqeda izinwele zakhe.

Ngolunye usuku, waklabalasa ngendlela yokuthi uGogo Binite weza eseqhuga nobhoko lwakhe. Wayehlala kwamakhelwane eduze kwendlu yokugundela, kodwa wayevuswe esihlwathini sakhe santambama wubuqandubandubane bokukhala kukaTimi.

“Hawu, Nkosi yami!” kusho uGogo Binite. “Bengicabanga ukuthi kukhona okubi okwenzekayo!” Emva kwalokho wayeseqhuga ebuyela emuva endlini yakhe eyothathela uTimi iqashana lenhlanzi ethosiwe ayenzile. “Ngikholwa ukuthi lokhu kuzomenza ayeke ukukhala,” kucabanga yena. Kodwa ngesikhathi enikeza uTimi inhlanzi, wayifaka emlonyeni, wahlafuna qede wagwinya ... emva kwalokho waqhubeka nokukhala!



Ngemuva kokuthi uTimi esehambile nonina ngalolo suku, uJango wahlala phansi nenkomishi yetiye wayesecabanga, ecabanga. Ngempela, kwakufanele kube nendlela yokuyekisa uTimi ukukhala ngesikhathi egundwa izinwele zakhe! Futhi kungalesi sikhathi lapho uJango afikelwa khona yicebo elihle! “Nazo-ke! Sengiyixazululile,” ememeza ngokuthokoza.

Ngokuvakasha kukaTimi okulandelayo, wathi lapho uJango esesikhipha isikelo sakhe, waqala ukuxoxela uTimi indaba.

“Kwakukhona umfana omncane owayengafuni ukugunda izinwele zakhe, ngakho wazidedela ukuthi zikhule, zikhule,” kwasho uJango. “Zakhula ikhanda lakhe laze lagcwala izintambo ezimafindofindo ezininzi. Ngokushesha izintambo ezimafindofindo zaphothana ndawonye.”

“Yini okulandelayo okwenzeka?” kubuza uTimi, owayesethule engasakhali.

“Izimpukane nezinye izinambuzane zanjuma ukuthi zizakhele amakhaya azo ezinweleni zakhe,” kuqhubeka uJango.

“Pho, kwenzekani kuye?” kubuza uTimi, ebukeka ekhathazekile.

“Umfana omncane waqala ukudonsa izinwele zakhe nokuzenwaya ngoba izinambuzane ezazihamba zizungeza ekhanda lakhe zazilenzela lilume kakhulu. Wayedonsa abuye enwaye, adonse abuye enwaye usuku lonke. Ngokushesha, ikhanda lakhe kanye nezandla zakhe kwaqala ukuba buhlungu ngenxa yokudonsa nokwenwaya,” kusho uJango.

“Hawu, kuyesabisa! Kwenzekani emva kwalokho?” kubuza uTimi, edabukela umfana.

“Ikhanda lakhe nezandla kwavuvukala,” kuqhuba uJango.


“Langa limbe, unina wamletha esitolo sami. Banele bafika nje lapha, wagxuma wahlala esihlalweni ukuze agundwe izinwele zakhe. Wahlala wathula du ukuze ngimgunde kahle kakhulu.”

“Ngempela?” kubuza uTimi.

“Ehhe!” kwasho uJango. “Lapho sengiqedile ukugunda izinwele zomfana – njengoba nje sengiziqedile ezakho – umfana wangiwole kakhulu.”

UTimi wabuka ikhanda lakhe. Isitayela asigundile sase siphelile! Wayekade ethokozele indaba kakhulu ngendlela yokuthi akazange aqaphele nokuthi uJango wayemgunda izinwele zakhe. Wagxuma ehla esihlalweni wabamba uJango wamwola kakhulu.

Uyazi-ke ukuthini? UTimi akaphindanga wakhala endlini yokugundela ngoba uJango wayenendaba entsha amxoxela yona kulokho nalokho kuvakasha! Nomama kaTimi wayejabule kakhulu ngoba izindaba zikaJango zazisho ukuphela kokukhathazeka kwamasono onke ngokugundwa kwezinwele.



# Nal'ibali fun



Neo, Afrika, Bella and Gogo all dream of travelling one day. Read the clues about the kind of places they would like to visit. Then read about four different places in four countries of the world. Which country do you think Neo, Afrika, Bella and Gogo would enjoy? Write the name of the country next to each person.



I love reading stories about queens. I want to explore a city that has an old palace because then I can pretend that I am a queen who lives there! Of course, I want to take Noodle with me too!

Ngiyathanda ukufunda izindaba ezimayelana nezindlovukazi. Ngifuna ukuhlola idolobha elinesigodlo esidala ngoba lapho-ke ngizokwazi ukwenza sengathi ngiyindlovukazi ehlala khona! Vele, ngifuna ukuhamba noNoodle!

Country/Izwe: \_\_\_\_\_



I love making things. I'd love to explore a place with pyramids that were built long ago, before we had machines.

Ngiyathanda ukwenza izinto. Ngingathanda ukuhlola indawo enamaphiramidi akhiwa emandulo, ngaphambi kokuthi sibe nemishini.

Country/Izwe: \_\_\_\_\_



Nothing is better than a love story. I'm sure I can find some good ones to read in this city.

Ayikho into engcono kunendaba yothando. Ngikholwa ukuthi ngingakwazi ukuthola izindaba ezimnandi ukuthi ngizifunde kuleli dolobha.

Country/Izwe: \_\_\_\_\_



I wonder how city's get nicknames. Do you think that people never sleep if they live in The City That Never Sleeps? Won't they get tired if they never sleep? I'd like to go and find the answers to these questions.


Ngiyazibuza nje ukuthi amadolobha awathola kanjani amagama ayizifekethiso. Ucabanga ukuthi abantu abalali neze uma behlala eDolobeni Elingalali Nhlobo (The City That Never Sleeps)? Angeke bakhathale kodwa uma bengalali? Ngingathanda ukuhamba ngiyothola izimpendulo zale mibuzo.

Country/Izwe: \_\_\_\_\_

Colour in the routes on the map to show which cities Neo, Afrika, Bella and Gogo would have to travel to if they wanted to visit these places. Use a different colour for each person's route. Use the same colour to write the name of the city next to each person's name.

Faka umbala emizileni esebalazweni ukukhombisa ukuthi yimaphi amadolobha uNeo, u-Afrika, uBella kanye noGogo abebezoya kuwo ukuba bebefuna ukuvakashela lezi zindawo. Sebenzisa umbala owehlukile emzileni womuntu ngamunye. Sebenzisa umbala ofanayo ukubhala igama ledolobha eduze kwegama.

	City they would travel to/Amadolobha abangaya kuwo
Bella/uBella	
Afrika/u-Afrika	
Gogo/uGogo	
Neo/uNeo	



Izimpundo: uBella - e-China (Beijing), u-Afrika - e-Egypt (Cairo), uGogo - e-France (Paris), uNeo - e-United States of America (New York City)

Answers: Bella - China (Beijing), Afrika - Egypt (Cairo), Gogo - France (Paris), Neo - United States of America (New York City)



# Okokuzithokozisa kwakwaNal'ibali

UNeo, u-Afrika, uBella kanye noGogo bonke baphupha ngohambo ngolunye usuku. Funda amacebiso mayelana nezinhlobo zezindawo abangathanda ukuzivakashela. Emva kwalokho funda ngezindawo ezine ezahlukene emazweni amane omhlaba. Yiliphi izwe ocabanga ukuthi uNeo, u-Afrika, uBella noGogo bangalithokozela? Bhala igama lezwe eduze komuntu ngamunye.

<p><b>France</b></p> <p>Paris is the capital of France. You can see the Eiffel Tower in Paris. Paris is well-known for its food and fashion. It is often called the city of love!</p>	<p><b>I-France</b></p> <p>I-Paris yinhlokodolobha yase-France. Ungayibona i-Eiffel Tower e-Paris. I-Paris idumile ngokudla kwayo nezemfashini. Ivamise ukubizwa ngokuthi yidolobha lothando!</p>
---	--

<p><b>China</b></p> <p>Beijing is the capital of China. This city is more than 3 000 years old! In Beijing you can visit the Great Wall of China and the Forbidden City, which is a 600-year-old palace.</p>	<p><b>I-China</b></p> <p>I-Beijing yinhlokodolobha yase-China. Leli dolobha lineminyaka engaphezu kwezi-3 000 ubudala! E-Beijing ungavakashela i-Great Wall of China kanye ne-Forbidden City, okuyisigodlo esineminyaka engama-600 ubudala.</p>
--	---

<p><b>United States of America</b></p> <p>New York City is a famous city in the USA. It is also called The City That Never Sleeps. Here you will see the Statue of Liberty and some of the world's tallest buildings.</p>	<p><b>I-United States of America</b></p> <p>I-New York City yidolobha elidumile e-USA. Iphinde yaziwe ngokuthi yi-The City That Never Sleeps. Lapha uzobona i-Statue of Liberty kanye nezinye zezakhiwo ezinde ngokwedulele emhlabeni.</p>
---	--

<p><b>Egypt</b></p> <p>Cairo is the capital of Egypt and it is set on the Nile River. People who visit Cairo often visit the nearby pyramids and the Great Sphinx of Giza which are thousands of years old!</p>	<p><b>I-Egypt</b></p> <p>I-Cairo yinhlokodolobha yase-Egypt, kanti ingase-Mfuleni i-Nile. Abantu abavakashela e-Cairo imvamisa bavakashela amaphiramidi aseduze kanye ne-Great Sphinx yase-Giza, okuminyaka yobudala iyizinkulungwane!</p>
---	--

Nal'ibali is here to motivate and support you. Contact us by calling our call centre on 02 11 80 40 80, or in any of these ways:  
 UNal'ibali ulapha ukukhuthaza nokukusekela. Thintana nathi ngokushayela inombolo yesikhungo sethu ethi 02 11 80 40 80, noma enye yalezi zindlela:  
[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org)   [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)   [nalibaliSA](https://www.facebook.com/nalibaliSA)   [@nalibaliSA](https://twitter.com/nalibaliSA)   [@nalibaliSA](https://www.instagram.com/nalibaliSA)   [info@nalibali.org](mailto:info@nalibali.org)

Produced by The Nal'ibali Trust and Tiso Blackstar Education. Translation by Dumisani Sibiyi. Nal'ibali character illustrations by Rico.

